



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
EMBUTHANWENI KAVUKUZAKHE NGOMASHI 2008**

Nginyanibingelela nonke

- ? Kuyintokozo ukuthi nginemukele kulo mbuthano kaVukuzakhe.
- ? Okokuqala nje, ngitharda ukwethulela isigqoko bonke ababambe iqhaza ngokwehlukana kwabo emkhakheni wezokwakha abanathi lapha namhlanje.
- ? Nakuba uhlelo lwethu lukaVukuzakhe selwenze kahle kakhulu kule minyaka edlule, sisadinga ukuhlale silubuyekeza ukuze siqinisekise ukuthi osonkontileka abasafufusa bayahlomula ekukhuleni komsebenzi wezokwakha.
- ? UMnyango usutshale izigidigidi zamarandi ohlelweni lukaVukuzakhe kwathi osonkontileka badala amathuba amaningi emisebenzi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya lapho izinga lokuntuleka kwemisebenzi liphezulu kakhulu.

- ? Nokho, siyazi ukuthi kunabantu abaningi abakhohliseka ngomqondo wokuthi, njengoba ezobuchwepheshe zithuthuka nsuku zonke, izindlela zokusebenzisa abantu ngezandla azisenayo indawo uma kubhekwa isikhathi, izindleko nezinga lomsebenzi. Kodwa eNingizimu Afrika sisazimisele ngokuveza ukuthi akunjalo .
- ? Sikhethe ngamabomu le ndlela ukuze sihlanganise umgomo wokusebenzisa abantu nokuqedwa kobubha ukuze sithuthukise isimo senhlalo nomnotho. Ukuzibophezela kwethu kuhambisana nenkolelo yokuthi abantu bakithi yibo ababalulekile – sithi izindlela zokusebenzisa abantu ngezandla ziyabaqeqesha zibathuthukise abantu bakithi ukuze babhekane nesikhathi samanje.
- ? Igebe elikhona kwezentuthuko lihambisana nesidingo sokulethwa kwengqalasizinda ukuze kufezeke uhlelo lokukhuliswa komnotho eNingizimu Afrika i-*Accelerated and Shared Growth Initiative (ASGISA)*. Inhloso ye-ASGISA ngukukhulisa umnotho ngo-6% nokuqeda ubuphofu ngengxenywe ngonyaka ka-2014, okuhambisana ne-UN *Millennium Development Goals*.
- ? Eminyakeni edlule sitholile ukuthi kunezinkinga zezinkampani ezinkulu ezithola imisebenzi ngokucasha ngezisafufusa, esithi i-fronting, ezikuVukuzakhe. Lokhu sekuvele kani ngi emihlanganweni. Ngifuna ukuqinisekisa ukuthi uMnyango wami ngeke ukubekezelele lokhu kuzo zonke izinhlelo zethu. Sizokususa nezimpande zako bese sibhekana ngqo nabathintekayo .
- ? Ngizoqinisekisa ukuthi sigxila kulabo abafanele ngempela ukuthola imisebenzi kunokuba sigxile ekwandiseni inani labangena ohlelweni, ukuze siqinisekise ukuthi sithola labo esibahlosile kulezi zinhlelo.

- ? Nginyaqinisekisa ukuthi wonke umuntu uzowugcina umthetho ngokuphelele kuzo zonke izinhlelo. Noma ngubani otholakala enecala lanoma iyiphi inkohlakalo, kungaba isisebenzi sikhulumeni, noma inkampani yonjiniyela noma ababambe iqhaza kuVukuzakhe, uyobhekana ngengalo yomthetho kanzima.
- ? Sesihambe ibanga elide kabi kule minyaka edlule. Ikakhulukazi uma sikhumbula ukuthi ekuqaleni kukaVukuzakhe kwadingeka sibhekane nokubekwa icala lokucwasa ngokwebala nokuphambana nomthethosisekelo ngoba uVukuzakhe engahlonizi ngokuba uhlelo lokuthuthukisa abamnyama kwezomnotho i-BEE.
- ? Abanye baze basisabisa ngokusiyisa enkantolo uma singaluvuleli zonke izinhlanga uhlelo lukaVukuzakhe. Kodwa namhlanje sekungumlando lokho. Abaholi bethu sebevule inkundla esivumela ngokomthetho ukuthi sifeze imigomo yokuletha ubulungiswa kwezenhlalo nomnotho .
- ? Uma sibheka indlela eya phambili sidinga ukukhumbula ukuthi sakha phezu kwesisekelo esiqinile. Azikabi ningi izinhlelo zokuthuthukisa abamnyama kwezomnotho eNingizimu Afrika ezinomlando ofana nokaVukuzakhe.
- ? Abanye osonkontileka abaku-Stage 4 manje sebethola imisebenzi nakweminye iminyango ebanika izamba zemali. Sikhuluma nje sebeyahlukana nokuncika eMnyangweni wezokuThutha KwaZulu-Natal.
- ? Sengiphetha, njengoba sesinososeshini baVukuzakhe abangu-32 nosonkontileka abangu-38 000 ohlelweni lwethu, sesingasho sithi sinobuholi eMnyangweni, ubuholi emphakathini wonkana nobuholi phakathi kosonkontileka uqobo, obungabhekana nezinsalelo esibhekene nazo emkhakheni wezokwakha.

? Ngempela ngabe senza iphutha uma singazishayeli ihlombe thina nabo bonke abenza uhlelo lukaVukuzakhe lube yimpumelelo eliyiyo namhlanje.

Ngiyabonga